IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. QAPHELA ukuthi izimpendulo zakho zihambisana nemiklomelo yombuzo ngamuye.
3. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
4. Bhala ngesandla esibonakalayo.
5. Qala ISIQEPHU NESIQEPHU ekhasini ELISHA.
6. Kulindeleke ukuba uliphendule lonke leli phepha.

ISIQEPHU A: INOVELI

UMBUZO 1: ITSHWELE LEMPANGELE – M.V. BHENGU

1. Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.

Wayehambe noNdelebuli nangalo Mgqibelo. Unina no Amantha babesemakethe, beyothenga iziyoliyoli okulukhuni ukupheka ukudla kuhlwabuse nxa zingekho. Baphuma emakethe benyinyitheka, beqonde emathekisini agodukayo. Nakhoke sebehlangana nesihlobo simbe, esambiza samshshisauRaimoonash, babuyela engxenye. Kwakubhalwe ebunzini ukuthi zinkulu uzimumethe.

"Anikhuzi ngani kodwa awungitshele? Nifuna kuze konakalekanjani kanti?" Athele umzimba phansi uRaimoonashexakekile ukuthi yini le okuthiwa ayikhuze.

"Sikhuze sikhuzeni?"

"Usho ukuthi anikayizwa indaba?"

" Ndabani le esingakayizwa?"

"KaShantha."

"Wenzeni uShantha?"

Aqhwabe umame lo. Uthe eqhubeka wabe esbambelele esihlathini ebheke phansi.

"Angazi ngizoyiqala ngithini."

"ayikho into esazokwehlula ngoba sewuze wayiqala."

"Qhubeka"

1.1 Ubani igama nesibongo salo owahambe noNdelebuli? (2)

1.2 Babelibangise oNdelebuli nalo ayehambe naye? Bhala igama lesikhungo. (1)

1.3 U-Amantha wayehamba nobani edolobheni ngaleli langa? Bhala igama lakhe. (1)

1.4 Yini embi ngokuqoma kukaShantha nalo okwakuthwa uqomene naye? (1)

1.5 Ubani igama lalo owadumisa izindaba zokuthi uShantha useqomile? (1)

1.6 Wayekade ebabone benzani njengoba ethi baqomene? Chaza ngamaphuzu amabili. (2)

1.7 UShantha wayehlangane kanjani nalo okuthiwa usemqomile? Chaza ngamaphuzu amaTHATHU. (3)

1.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini:

1.8.1 Kwakubhalwe ebunzini (2)

1.8.2 Ukuthela umzimba phansi (2)

1.9 Kungabe UMBONO noma IQINISO ukuthi abantu besilisa abansundu badlala ngabantu besifazane. Sekela ngamaphuzu amabili ubhekisa endabeni Itshwele. (3)

Kwathi lapho esondela empambukweni echezukela kwabo kaShanthauNdelebuli, wasibona isithunzana. Weza emotweni ngejubaneuShantha waye wagulukudela phakathi. Wakhipha laba linye :

"Asihambe!"

Kwakuzobonakala khona ukuthi kuyiwaphi. Indlela ayethuke ngayo yayikhombisa ukuthi zinkulu azimumethe. Ayikho indawo ababengagogobala kuyo ibafanele ngaphandle kwasezihlabathini zolwandle. Kwabe kuyilapho omunye ezinikele khona komunye, kwaphuma



Ralmoos L

amaqiniso. Bayishiya njengalaphaya imoto, badofuza ngezinyawo esi hlabathini njengoba benzile emini. Lalikhiphe unyezi wamasoka, osifanele isimo sokuthandana. Bahlala phansi lapho bebebhleli khona emini, bagonana, bakhiphelana uthando.

Kwase kuyibhayisikobho endlini lapho kwakukhulunywa khona udaba lukaShantha noNdelebuli. Kwase kuthukuthele ngisho izihlobo ezibuqama ngokozalo, zisho ukuthi uma ngabe lo muntu omnyama uyaqhubeka nokudlala ngengane, zazingeke zasonga izandla zibukele, zaziyokwelekelela emkhankasweni wokubulawa kwakhe. Wajika eduze wena owabona inkalankala ugogo , wavuna uShantha.

1.10 Bakuphi laba abakhuluma lapha? Bhala igama ledolobha. (1)

1.11 Kwakukhulunywa kuthiwani ngoShantha endlini? (1)

1.12 Ubani igama lowesilisa owayephethe lo mhlangano? (1)

1.13 Wayethembise ukuthi angazikhokhela malini izigebengu ukuze zibulale isoka likaNdelebuli? (1)

1.14 Yini eyenziwa ugogo kaShantha ngaleli langa ngesikhathi bemthola neyayingalindelekile? (1)

1.15 Ngaphambi kokuba ugogo ashone washiya uSalim namuphi umyalezo? (1)

1.16 Zazingobani izintombi zikaNdelebuli azishiyela le ntombi yeNdiya? (2)

1.17 Phendula le mibuzo elandelayo ngokuthi IQINISO noma IPHUTHA

1.17.1 Igama likadadewabo kaNdelebuli uNdoniyezihlabathi. (1)

1.17.2 Ngesikhathi okaMazimela ebalekela uSonqisha waya kwaThembeni eSikhawini. (1)

1.17.3 Abazali bakaPaul begazi kwakunguJill McDonald noChris Johnson. (1)

1.18 Qondanisa lokhu okusohleni A nalokhu okusohleni B. Bhala inombolo nophawu kuphela.

| UHLU A | | UHLU B |
|---|---|---|
| 1.18.1 | uMkhwanazi | a) Insizwa yomdabu eyayiganwe iNdiya. |
| 1.18.2 | uMagudulela | b) Owesilisa owayelusa izinkomo kwaKhoza |
| 1.18.3 | uZondi | c) Umukhwe kaSonqisha |
| 1.18.4 | uNkonjane | d) Umngani onkulu kaNdelebuli |
| 1.18.5 | uNdabuzekwayo | e) Isibongo senkosi yaseMtuba |
| | | f) Uthithanhloko wasesikoleni sikaNdelebuli |

1x5

**ISAMBA SESIQEPHU A :35**

2.1 Yiluphi usizo olufunwa ngumukhwe kaMandlenkosi? (1)

2.2 Bhala izinto EZIMBILI ezazigodlwe ngumukhwe kaMandlenkosi.(2)

2.3 Zingaki izinyanga ayesezihlale ekhaya engasebenzi umukhwe kaMandlenkosi? (1)

2.4 Kungani kwakumele uMandlenkosi aye kobhala enkantolo nomakoti wakhe? (1)

2.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo

Umbiko owawazisa uMandlenkosi ngengozi evelele umakoti wakhe wafika:

A Ngesigijimi

B Ngocingo

C Ngencwadi (1)

2.6 Babethini omakhelwane bakaMandlenkosi uma sebehlekisa ngokuthi ushadile kodwa akahlali naye umakoti wakhe. (1)

2.7 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

Bengizozithwala ngikhululeke izindleko zomngcwabo. (2)

2.8 Chaza ukuthi yini eyenziwa nguMandlenkosi ukukhombisa ukuphatheka kabi kwakhe ngemuva kokuthola umyalezo wokuthi umakoti wakhe useshonile. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.9 Bhala izizathu EZIMBILI ezinikezwa/ezishiwo nguMandlenkosi ezenza angafuni ukuthwala/ukwelekelela umukhwe ngezindleko zomngcwabo. (2)

2.10 Uthini umbono wabazali bakaMandlenkosi ngodaba lokwelekelela/ lokusiza ngezindleko zomngcwabo. (2)

2.11 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi umuntu owalahlekelwa kakhulu ngokushona kukamakoti kaMandlenkosi ngubaba wakhe umakoti kunoMandlenkosi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amabili. (3)

ISIQEPHU B: IZINDABA EZIMFUSHANE

UMBUZO 2 IZINYEMBEZI ZOTHANDO - DBZ Ntuli (Umhleli)

ILOBOLO – S Zimema

2. Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.

'Kulungile. Akahlalele kulelo themba lakhe aze ayofa njengoba esihlalise ethembeni kwaze kwafa omunye nje. 'Elami lithi, ngeke ngize ngifake ngisho elimnyama isenti. Ningamelekelela nina uma ninemali eningi. Lo muntu sisanda kumnikeza inqwaba yemali. Akasebenzise yona. Ukuba wayidedela ingane yakhe, ngabe asihluphani ngalutho nale ndoda. Bengizozithwala ngikhululeke izindleko zomngcwabo. Bengingeke ngimeme omunye umuntu.'
'Ndodana,' kusho uyise, 'izinyanga ezine ziningi kakhulu kumuntu owadilizwa emsebenzini. Ziningi izikhala esezagcwaliswa yileyo mali. Engikwaziyo wukuthi kwaphela yona imali kwasala izikhala. Mhlawumbe yaphela ngesonto lokuqala nje. Khohlwa yileyo mali.'
'Yindaba yakhe leyo. Angingeni ndawo mina kuleyo nto. Inhliziyo yami ibuhlungu kabi ngokulahlekelwa kabili. Ngilahlekelwe yimali engiyisebenzele kanzima, ngayipha umuntu ovele wagodla ingane yakhe. Wangibamba umuntu, engafuni ukungikhululela yona. Manje sekudingeka ngiphinde ngimuphe enye futhi, ngimngcwabele ingane yakhe? Kanti ngiyimayini yini mina? Kanti abanawo yini umndeni laba bantu? Yini angakhulumi nomndeni wakhe umelekelele uma ehluleka? Akakhulume nomndeni wakhe yena, ahlukane nami. Kuthi angivele ngimtshele ukuthi sengiyayidinga kwaleyo mali yelobolo engakuyena. Kuthi angiyoyilanda ngoba ayizange yenze lutho, kwaba umnikelo nje. Angizange ngibuyelwe yilutho mina. Kwaba yisipho engivele ngasipha umuntu engingahlobene ngalutho naye.'
'Kahle bo! Ungalokothi wenze ihlazo elinjalo.'

UM U NWE: S Zimema

Fundalesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

Kunjengoba kade ngishilo ngathi bahle abantu lapha, kodwa kukhona oyedwa okuthi uma ngimbuka, luvele lungithi heqe uvalo. Nanguyana manje ehleli yedwa laphaya ngasekhoneni. Sengathi yinkomo edla yodwa nje leya? Hhayi, mhlawumbe kwenziwa wukuthi ngivamise ukumbona eyedwa. Kufanele ngisheshe, ngithathe ipuleti lami, ngihambe ngiyohlala eduze kwayo le ntokazi engigulisayo lapha ngaphakathi. Kufanele ngisheshe ngoba isikhathi sekhefu sincane, kanti kuningi okufanele ngikukhulume naleya ntokazi. Ngifuna ukuthola umuntu engizohlekisana naye, khona lapha ngaphakathi esibhedlela. Ngifuna abe munye nje kuphela, hhayi inqwaba. Angifuni ukuba nezintombi eziningi endaweni eyodwa. Lokho kudala izinkulumo eziningi kanye nezingxabano ezingapheli. Mina ngiyazithanda.

Angifuni igama lami lihuduleke phansi. Yehlisa isithunzi indaba yokubangwa yizintombi. Yimbi leyo nto. Ayibukeki. Iletha amakhulu amahloni. Nangaphandle kokuthi kubuye kwehlise isithunzi ukuqonywa kakhulu, isikhathi asisavumi neze. Umuntu sekufanele anamathele kulowo muntu wakhe oyedwa.

Angazi ukuthi yini le eyenza ukuthi silutheke, sibe nesibindi sokuyosukela abantu esingabazi ukuthi banjani, baphila yiphi impilo. Kuqala amasoka ayebulawa yizishimane ezinesikhwele. Izishimane lezo zazikhwelezela izintombi zazo. Namhlanje amasoka asevele azifele wona, engadutshulwanga, futhi engagwazwanga yizishimane. Okubuhlungu yikho ukuthi amasoka lawa abulala nabantu abangenacala, ngaso lesi sikhali esingabonakali.

2.12 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Le ndaba yenzeka esibhedlela sase:

A King Edward

B Edendale

C Greys (1)



Gama

2.13 Wenza msebenzi muni umbhali wale ndaba? (1)

2.14 Njengoba esanda kufika nje umbhali kulesi sibhedlela kunento eyodwa afuna ukuyithola. Shono ukuthi yini leyo. (1)

2.15 Ngubani igama le ntokazi engumhlengikazi kulesi sibhedlela umbhali afuna ukuba nobudlelwano nayo? (1)

2.16 Bahlangana kuphi umbhali nale ntokazi ayefuna ukuthi imqome? (1)

2.17 Wabanjwa kanjani umbhali wale ndaba ukuthi ushadile? (1)

2.18 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla:

Yehlisa isithunzi indaba yokubangwa yizintombi. (2)

2.19 Bhala into EYODWA umbhali athi kungaba nzima ukuyenza uma le ntokazi ayithandayo ingayibeka njengombandela wokuthi imqome. (2)

2.20 Waqamba amanga wathini umbhali wale ndaba ngesikhathi eshela le ntokazi? (2)

2.21 UZodwa ungumuntu oqotho. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI atholakala endabeni. (2)

2.22 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi wonke amadoda ashadile abonakala ngokufaka amaringi eminweni? Sekela. (3)

ISAMBA SESIQEPHU :35

ISAMBA SESISONKE :70